# Amazinyane ekati... Amazinyane ekati... Amazinyane ekati !



ibahlwe nguPandora Alberts

# Isilwane esingumngani esibizwa ngo-Lucy

UBelinda wayenesilwane esingumngani esikhethekile. Igama laso kwakunguLucy kanti wayeyizinyane lekati elihle elimhlophe elinoboya obuningi nebala elimnyama ekhaleni lalo. Amehlo akhe ayenombala oyindida ompungasaluhlaza okotshani futhi enomsila omude. UBelinda noLucy babengabangane abakhulu.

Uma uBelinda efika ekhaya evela esikoleni, uLucy wayesuke emlindile. Ngesinye isikhathi uLucy wayegxumela uBelinda ngemuva kwesango, noma agibele esihlahleni se-Jacaranda bese ehlwitha iribhini lezinwele likaBelinda ngesikhathi edlula phansi kwesihlahla.

Wayethanda ukugqutshwa ngenqola kanodoli kaBelinda, egqoke izingubo zabantwana kuhleli no-teddy onithiwe eceleni kwakhe! Wayethanda futhi ukuthwalwa ngobhaka kaBelinda, noma ukuhlala emathangeni akhe uma ebuka ithelevishini. ULucy wayelala embedeni wakhe ebusuku, lapho ayethokomala khona ezingalweni zikaBelinda, ehona njengenjini encane.

ULucy wakhula ngokushesha. Wayethanda ukugxuma aphume ngefasitela ebusuku bese eyozingela engadini ekhanyiswe inyanga. Wayelandela izithunzi ezisesitubhini futhi engumngani weqembu lamanye amakati ayehamba ezindongeni zengadi. Isikhathi esiningi wayehamba kuze kuvuke izinyoni zicule kuma-Jacaranda.

# ULucy uba ngumama

“Sewucishe ube ikati elikhulu manje,” kusho uBelinda, ephulula uboya obuhle nobuthambile bukaLucy. Isisu sikaLucy sasiya ngokuba sikhulu ngokushesha.

“Nkosi yami, engathi kuzofuneka singabe sisamnika ukudla okuningi,” kwasho umama kaBelinda.

“Kukhona izindaba engikuphathele zona,” kusho uGOgo kaBelinda. “ULucy uzoba namazinyane. Ubaba wawo kufanele kube ngelinye lamakati ahamba ezindongeni.”

“Amazinyane ekati? Ncinci!” UBelinda wayejabule kakhulu. Wayengasakwazi ukulinda usuku lokuzalwa kwama-zinyane ekati. Wajabula nakakhulu mhla efika evela esikoleni ethola ukuthi uLucy usetholele abant-wana abane ekhabetheni lakhe lezingubo. Wayelele ngokuziqhenya ekhotha amazinyane amancane ngolimi lwakhe oluphinki.

“Awu! Aze athandeka!” kwasho wonke umuntu. ULucy wavumela uBelinda ukuthi adlale nabantwana bakhe. Kwakunomnyama, ompunga okuphashile, onemidwa kanye nonoboya kanye namabala njengoLucy. Ekuqaleni amehlo amazinyane ekati ayevaleke ngci kodwa nge-muva kwezinsuku ezine ukuya kwezinhlanu, amehlo awo avuleka. Ngesikhathi ekhula, aba nomdlandla kakhulu futhi aqala nokuganga.

Ayegibela emakhethinini bese egxumela etafuleni. Umama wayengathokozile ngalokhu.

“Angeke sikwazi ukugcina wonke lamakati,” washo kuBelinda. “Kuzomele uwatholele amakhaya.”

“Cha bo!” kukhala uBelinda “Angabantwana bakaLucy.” Kodwa, uMama.

Ngenhliziyo edangele, uBelinda wathatha amazinyane ekati ngobhasikidi waya nawo esikoleni waphisana ngawo wonke. Izingane eziningi zaziwafuna amazinyane ekati. Kwabonakala kulula ukuwatholela amakhaya.

## Ukubuyiswa kwamazinyane ekati, ukulahleka kwamazinyane ekati kanye nokutholakala kwamazinyane ekati

Ngalobo busuku kwazwakala ukungqongqoza emnyango. Kwakume umfana owayethathe izinyane lekati elimhlophe. Eduze kwakhe kume ubaba wakhe nezinyane lekati esandleni sakhe.

“Asikwazi ukugcina ikati,” kusho ubaba womfana. “Sihlala kwi-flat kwisitezi seshumi. Asinayo ingadi. Futhi akubikhona muntu endlini usuku lonke. Leyo akuyona impilo esilwaneni esingumngani. Kungani engekho umuntu obuze mina kuqala ukuthi indodana yami ingakwazi yini ukuthatha izinyane lekati? Akumele nivele niphisane ngezilwane ningazi nokuthi linjani ikhaya eziya kulo.”

Wazwakala ethukuthele kakhulu. UBelinda wathatha izinyane lekati elimhlophe.

Wathi, “ngiyaxolisa.”

“Angizange ngikucabange lokho.” Waqala ukukhathazeka ngamanye amazinyane ekati aphisane ngawo. Ingabe ayezothola ukunakekelwa ngendlela efanele? Ngakusasa kwakunguMgqibelo.

Wanquma ukuthi uzovakashela emakhaya ezinye izingane ezazithathe amazinyane ekati. Intombazane eyayithathe izinyane lekati elimnyama yayibukeka idangele kakhulu.

Yathi, “Inja yami ilibulele izinyane lekati. “Angizange ngicabange ukuthi ingenza into efana nalena.”

“Awuzange ungitshele ukuthi unenja!” kuthetha uBelinda. “Manje izinyane lami lekati selifile!”

“Bekungelona izinyane lakho lekati!” kuthetha intombazanyana. “walinikeza mina.”

“Akaselona izinyane lekati lamuntu manje,' kukhala uBelinda ngesikhathi ephenduka ehamba. Wayethuke kakhulu ukuba angabuza ngamanye amazinyane amakati. Izinyane lekati elimpunga okuphashile elinemidwa lalahleka. “Kuyamangaza,” kusho udadewabo omdala wentombazane eyayilithathile.

“Salibeka phansi engadini lavele labaleka lehla ngomgwaqo. Lalibukeka lithukile. Sesilifune, salifuna kodwa alibonakali.”

Akekho umuntu owayecabange ukugcina izinyane lekati endlini endaweni ethule kuze kube seliyawazi umndeni walo omusha.

UBelinda wabuka izimoto zigijima zehla emgaqweni omatasatasa. Kwaze kwaba yindawo eyingozi kwizinya-ne lekati elilahlekile!



Ngenhliziyo edangele wangqongqoza kumnyango wendlu yokugcina. Kwathuleka. Wangqongqoza waphindelela.

Kwakungekho muntu kulelo khaya. UBelinda wayesehamba ngesikhathi ukuthi nyawu okuncane. Uma ebheka phezulu wabona izinyane lekati elinombala omhlophe nomnyama elinoboya obuningi libambelele ophahleni. Lalibambekile.

“Cha bo! Ufike kanjani lapho phezulu? Ngizokwenzenjani?”

Akakwazanga ukufinyelela ekatini elalibhajwe kugadasi futhi linyawuza kalusizi. Ekugcineni uBelinda wathola umakhelwane olungile oweza nesitebhisi. Wakhuphuka wahlenga izinyane lekati.

“Kuyangimangaza ukuthi loya mndeni unezinyane lekati,” kusho umakhelwane.

“Baya ekhaya labo leholide njalo ngezimpelasonto. Ngiyacabanga ukuthi bacabanga ukuthi izinyane lekati lizokwazi ukuzinakekela.”

UBelinda wasondeza umzimba omncane kuyena wabe esezwa nokushaya ngamandla kwenhliziyo yalo ngaphansi koboya balo obuthambile.

“Ngikubuyisela ekhaya,” wanyenyezela izinyane lekati. “Kwaba iphutha elikhulu ukuthi ngikuthumele lapha.”

# Kwalamula uGogo

Ekhaya, uBelinda waba nokuphikisana ngamazwi okukhulu nomama wakhe.

Wakhala wathi, “KUMELE sigcine lawa mazinyane ekati amabili.” “Amakhaya amasha ebesesimweni esibi kakhulu. Abantu bebengazi ukuthi kumele bazinakekele kanjani izilwane. Babethe bayazidinga, kodwa bebengazidingi ngempela.”

Angeke sikwazi ukuba namakati amathathu, Belinda,” kusho umama wakhe. “Nawo ozoba nabantwana. Mangaki amakati esizogcina sinawo? Angamakhulu!”

UGogo wayenempendulo.

“Yinye vo into okumele yenziwe, futhi bekumele engabe sayicabanga ekuqaleni. Kumele sihambise amakati kudokotela wezilwane awakhiphe inzalo. Angeke akwazi ukuthi abe nabantwana. Singakwazi ukugcina lawa amathathu uma engabi nabantwana.”

“Kuchaza ukuthini 'ukukhipha inzalo'?” kubuza uBelinda.

“Kuchaza ukuthi udokotela wezilwane, wenza ukuhlinza okuncane lapho ekhipha khona ingxenye eyakha abantwana,” kusho uGogo.

“Empeleni, kumele sikwenze ngokushesha lokho,” kusho uMama. “Asizifuni ezinye izindaba ezidabukisayo.”

Ukuhlinzwa akuzange kubize kakhulu. Umama kaBelinda wathi bekufanele ukuze kugwenywe ubuhlungu bezilwane ezingafunwa.

ULucy kanye nabantwana bakhe ababili bathokozile noBelinda ngokunjalo, ngoba ngeke kusadingeka ukuthi atholele amakhaya amanye amazinyane ekati futhi!



